## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.

7. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

**ISIQEPHU A: INOVELI**

***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.***

| IZINOMBOLO ZEMIBUZO | AMAMAKI | IKHASI |
|---|---|---|
| 1. Ithemba Lami | 35 | 5 |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 7 |
| 3 *Umshado* | 35 | 9 |

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.***

| | | |
|---|---|---|
| 3. *Ababulali Benyathi* | 35 | 13 |
| 4. *Icala Kaliboli* | 35 | 16 |
| 5. *Isiko Nelungelo* | 35 | 20 |

**ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**

***Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.***

| | | |
|---|---|---|
| 5.1 'Mhla Liduma Laduma' | 18 | 24 |
| 5.2 'Unozimoto' | 17 | 25 |

**ISIQEPHU D: IZINKONDLO**

***Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.***

| | | |
|---|---|---|
| 6.1 'Kwamfaz'ongemama' | 18 | 27 |
| 6.2 'Phansi' | 17 | 28 |

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| A: INOVELI | 1–3 | 1 | |
| | NOMA | | |
| B: UMDLALO | 4–6 | 1 | |
| | NOMA | | |
| C: IZINDABA EZIMFISHANE | 7 | 1 | |
| | NOMA | | |
| D: IZINKONDLO | 8 | 1 | |

**QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.

**UMBUZO 1: ITHEMBA LAMI-F. Mathenjwa**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA A**

"Kulungile baba, ngisazoke ngiyocela imoto yalaphaya kwaSiwela ukuba basisize khona namhlanje, hhayi kusasa."
Nebala umnumzane wakwaSiwela **akazange aba lukhuni** komakhelwane bakhe. Kwasukwa ngayo leyo ntambama kuphikelelwe kwaCeza. Kwathi kuqambe kuqeda nya ukuhlwa, yabe ima imoto egcekeni kwaMbuyisa.
"O! Sikhulekile baba Mbuyisa! SingabakwaMkhumane kwelasenhla ebaQulusini size ngokugula!"
Kwathuleka isikhashana, kwathi ngesikade lezwakala izwi eliyisihosho; "Ngenani naye kuleya ndlu engezansi, umfana uzonilayela, ngiyeza khona manje."
Bahamba bayongena lapho umfana ebalayele khona. Wathi uma efika uMbuyisa wezwakala encinciza, "Benihlaleleni nalo muntu esecishe wanifela nje? Niyambona ukuthi usengamathambo kanjani?"
"Besilokhu sizama baba kodwa kusho khona ukuthi **ukufa akuzwa lutho.**"
"Awuthi sibone-ke nsizwenye. Ake ukhumule sibone izimbilaphu ukuthi zinjani zona njengoba zonke izindlala zivuvukele nje. Anibheke imihlola madoda, nihlezi nomuntu izimbilaphu sezivuvuke kanjena? Buka nje lo muntu, ayisekho neyodwa indlala engavuvukile emzimbeni wakhe. Namanje mfana kusho ukuthi izimbiza obuzidla zinamandla ngoba zikwazile ukubamba lezi zimbilaphu zingaqhumi esikhathini eside kangaka. Le nto iyilumbo elicushwa kumuntu wesifazane. Abanye balicupha ngalesi silwane okuthiwa yimbila bayixube nezinhlamvu zesihlahla esithize okuthi uma leso sihlahla sesiqhuma nazo ziqhume...."

1.1 Ngokwalesi siqeshana eyakwabani imoto eyahambisa uSandanezwe enyangeni? (1)

1.2 Uhlalaphi uMbuyisa okukhulunywa ngaye kulesi siqephu? (1)

1.3 Bhala isizathu sokuthi uMbuyisa ancincize ngesikhathi ebona isimo ayekuso uSandanezwe. (2)

1.4 Yiziphi izinto EZIMBILI ezenza umama kaSandanezwe angavumi ukuthi indodana yakhe iphindele esibhedlela emva kokuhluleka kwamakhambi kaNonkamfela? (2)

1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: **"Akazange aba lukhuni"** sisho ...

A Wayebasiza omakhelwane bakhe.
B Wayebathakatha omakhelwane bakhe.
C Wayenqaba ukusiza omakhelwane
D Wayentshontshela omakhelwane bakhe. (1)

1.6 Hlobo luni lwesifengqo olutholakala kuleli binzana elilandelayo?
"…..kusho khona ukuthi **ukufa akuzwa lutho.**" (2)

1.7 Tomula umusho osesiqeshini ofakazela ukuthi abakwaMkhumane bafika selishonile ilanga kwaMbuyisa. (2)

1.8 Kwakuyini inhloso yokuvakasha kukaNomgedla kubo kaNokulindela ngosuku okwasuka ngalo isidumo sokugula kukaNokulindela? (2)

1.9 USandanezwe ungumlingiswa omkhulu kule noveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

1.10 Hlaziya isizinda sale noveli ubheke lezi zihlokwana ezilandelayo.

1.10.1 Isikhathi. (2)

1.10.2 Indawo. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

Endleleni lapha unina kaSandanezwe wayehambe ebalisa ethatha ebeka ngendodana yakhe ayesebeke ithemba kuyo. Wayeyibona isisindile ihleli inethezekile nomuzi wayo. Wayezibona naye ehleli egone abazukulu bakhe umuzi uhlezi ngokuthula. Isilokozane nosizi lesi sasibangelwa ukuthi indodana yakhe lena kwakuyiyona yodwa vo nentombazane ayengeyibale ngoba yayizohamba iyogana imshiye yedwa ekhaya.

Ingakapheli nenyanga yokuqala bemshiyile umfana kwala kunina, waphikelela khona eseyomhlola. Ekufikeni kwakhe wathola ukuthi umzimba womfana wawulokhu wehlile.

"Angazi mama noma ngizothi kuyalalela ukufa noma kunjani ngoba manje sengiqalwe nayisihudo into ebikade ingekho. Ngesinye isikhathi ngiyakhwehlela kuze kube sengathi kunosi olungihilayo. Okunye-ke yizo lezi zilonda nawe ozibonayo esezivumbuka wonke umzimba lona."

"Asazi fana, hleze njalo yikho ukufa sekuphumela ngaphandle kwesikhumba kushiswa yimithi ngaphakathi."

"Angeke sazi phela mama kodwa enye into esiqala ukungithiya yileli phika eliya ngokuya lingiqeda amandla."

Washo wabonakala ngempela ebhocobala. Unina welula izandla wayibamba indodana yakhe bagonana. Kwathuleka imizuzwana ngelikade wezwakala uSandanezwe esethi; "Mame, impela ithemba yiyona nto enokumsindisa umuntu emhlabeni, kungenjalo ngabe sengimathambo amhlophe."

1.11 Wayenezingane ezingaki umama kaSandanezwe? (1)

1.12 Ucabanga ukuthi yini eyayenza ukuthi ukugula kukhule kuSandanezwe kunokuthi kunciphe? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

1.13 USandanezwe wayekholelwa kubelaphi bendabuko/ezinyangeni. Sekela lo mbono ngephuzu ELILODWA. (2)

1.14 Ukuba wena wawungubaba kaSandanezwe wawuzomluleka uthini kule nkinga yokugula ayebhekene nayo? (2)

1.15 Ngabe umbhali wale noveli uphumelele yini ukusivezela kahle isifundo kule noveli. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

1.16 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | | IKHOLOMU B |
|---|---|---|
| 1.16.1 | Iqhikiza lendawo | A uZondiwe |
| 1.16.2 | Usebenza eThekwini | B uNonkamfela |
| 1.16.3 | Inyanga uMbeje | C uNomkhizo |
| 1.16.4 | Indodakazi kaMkhumane. | D uNomgedla |

(4)
[35]

**UMBUZO 2: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI–SJ Mchunu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

"Namuhla ngifuna ukuba ufike utshele umama wakho ukuthi ngesonto elizayo kuzofika abakhongi kini bezocela wena. Abazi abakhongi kini kodwa-ke ngoba ngikhona nami ngiyobakhombisa. Sengikhathele ukuhlala ngedwa, sengifuna ukuba ngifice wena ekhaya uma ngibuya emsebenzini."
Wayengakulindele lokhu akuzwayo kodwa-ke akangasho ukuthi uzosho noma qha. Waze waphendula ngoba esebuzwa okwesibili, nakhona lapho wavuma ngekhanda. Baqhubeka esethwele umgqomo, wavalelisa wahamba akabe esabheka emuva Insizwa yona yambuka waze wayoshona kubo maqede yajokola ihamba icula futhi ijabule, isifezile isifiso sayo. Endleleni uNtombi uyazibuza uyaziphendula ukuthi ngabe uqinisile lo mbhemu na. Abuye athi kufanele ngoba bayathandana. Kambe usho ukuthi ngoMgqibelo noma ngeSonto na? Hhayi! Akukona okwami lokho uzobuya futhi lingakapheli leli sonto. Okwakhe nje yena ukutshela unina ukuthi uthe uzothumela abakhongi ngesonto elizayo. Wahamba-ke waze wayofika ekhaya. Kuthe nje sekuzolalwa wacela ukuxoxa nonina. Wamtshela-ke yonke indaba njengoba injalo. Yafinyelela kuyise owabe esebuza. "Abakabani bona labo bantu?' Watshelwa. Ngokujwayelekile ubaba uye acele abantu abazomsiza uma sekufike abantu. Sekunesiqiniseko ukuthi beza ngempela, enziwa wonke amalungiselelo. Nebala bafika-ke abakhongi kwakuhle kwanjeya. Baphindela ekhaya nayo yonke

inkulumo. Yena wabe esephindela emsebenzini ukuze ayolungisa zonke izinto ezifunwe kubakhongi. Indaba yaduma sonke isigodi saseMvoti.

2.1 Bakuphi oManyoba noNtombi njengoba bexoxa le ndaba yabo? (1)

2.2 Ngokwalesi siqeshana uNtombi uhlala kusiphi isigodi? (1)

2.3 Iyiphi le ndaba uManyoba ayitshela uNtombi kulesi siqephu? (2)

2.4 Bhala isizathu esenza ukuthi uManyoba ashiye kwelakubo eMsinga ayozakhela umuzi wakhe eMdlovana? (2)

2.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: **'Wasebenza wangabheka emuva'** sisho ...

A Wasebenza kanzima ebeka imali
B Wasebenza epulazini isikhathi eside.
C Wasebenza waze wathatha umhlalaphansi.
D Wasebenza enkampanini eyodwa nabafowabo. (1)

2.6 Uqonde ukuthini uManyoba uma ethi, "…..Kuzofika abakhongi bezocela wena" (2)

2.7 Tomula umusho osesiqeshini osikhombisa ukuthi uNtombi wayengayikholwa kahle hle le ndaba ayeyitshelwa nguManyoba ngalolu suku. (2)

2.8 Kwakuyini inhloso kaManyoba yokukhuthaza izinsizwa zangakubo ukuthi nazo zibhalise esikoleni sasebusuku? (2)

2.9 UManyoba ungumlingiswa omkhulu kule noveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

2.10 Hlaziya isizinda sale noveli ubheke lezi zihlokwana ezilandelayo:

2.10.1 Isikhathi. (2)

2.10.2 Indawo. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

Ukuxabana kwezinsizwa ngasekhaya ngoKhisimuzi kwenza ukuba impi ingapheleli emakhaya ngoba uxolo lwalungenzekanga. Ziphindela nje izinsizwa emsebenzini, izinhliziyo zibomvu akukhulunyiswana. Kufihlelwene induku emqubeni. Olunye uhlangothi lwalwehla lwenyuka luthenga izibhamu zomgunyathi ngoba befuna ukuziphindiselela ingcabha ingagcini kubona. Akutshelwana uma kukhona abazohlasela, ngakho-ke abanye babona ngoba sebembozwa impi.
Ngalelo langa behlaselwa, uManyoka wayesebenza ebusuku. Wafika ekuseni sekukhona ababe sebefile, sekugcwele ezikadalawane emagcekeni ehositela. Uma

ebuza ukuthi kwenzenjani, bamtshela ngokwenzekile, washaqeka wacishe wawa phansi uvalo lokuthi ngabe naye ungomunye mhlawumbe walaba abafile. Kwake kwaba muncu isikhathi eside kunohlevana kubahlali besehositela. Ngenhlanhla nje kwakungabangwa izwe, kwakungamagqubu nje ezinsizweni. Ezinye zezizathu ezamenza wafuna ukushiya umsebenzi eGoli ayosebenza ePitoli.
EGoli izinsizwa zokuhamba zazivamise ukuhamba ngambili noma ngantathu ngoba zazikhuthuzwa noma zigetshengwe otsotsi. Ngesikhathi sabo kwakukhona amaqembu otsotsi anjengoMsomi namanye ayedume ngokubulala, umuntu atholakale edindilizile esefile emgwaqweni. Isikhali esikhulu sokubulala kuqala kwakuwummese noma kube untshumentshu. Into embi kakhulu eyayenzeka emadolobheni , ukuthola umuntu unqunywe intamo kungaziwa ukuthi ubulalwe ngubani.

2.11 Izimpi zombango eMsinga zazivamise ukuqala ngasiphi isikhathi sonyaka (1)

2.12 Ucabanga ukuthi yini eyenza ukuthi kube lula kuManyoba ukujwayela impilo yaseGoli ngesikhathi esebenza khona? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

2.13 Ukungalilahli ithemba kukaManyoba ngesikhathi ehlupheka kwaba namphumela muni empilweni yakhe? (2)

2.14 Ukube wena wawungomunye wamadodana kaManyoba yikuphi owawungakwenza ukubonga uyihlo ngokukukhulisa kahle? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.15 Ngabe umbhali wale noveli uphumelele yini ukusivezela kahle isifundo kule ndaba. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

2.16 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 2.16.1 UFanyana | A eThekwini |
| 2.16.2 UMjwayeli | B eGoli |
| 2.16.3 UBheki | C eBergville |
| 2.16.4 UMduduzi | D eNewcastle |

(4)
[35]

## UMBUZO 3: UMSHADO–N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA E

Saphuma isikole engalindele uBheki ngendlela ayecabanga ngayo. Kufike umqondo wokuthi akafune isibhamu, ngoba akazi ukuthi uyobhekana kanjani noBhatomu. Okumhlupha kakhulu ukuthi akakwazi nakumbona. Abantu bakule mijondolo yaseNyawushane basebejwayele ukuthengelana izigebengu. UBheki wabona ukuthi

impela kuhle anyakaze naye njengendoda. Aphela amasonto amathathu isibhamu ayesifuna engakasitholi. Okumhluphayo-ke ukuthi wayesesaba noma ubani angamazi. Uma eke walandelwa umuntu wesilisa khona, luyomshaya uvalo lucishe lumkhiphe umphefumulo.
Isibhamu ayesethenjiswe uJazibomvu wathola ukuthi sasingaphilile neze. UJazibomvu lo wayezakhela izibhamu. Kwathi noma bezama ukumkhombisa uBheki ukuthi sisetshenziswa kanjani, wehluleka. Wabuye wabona ukuthi noma esithathile isibhamu leso kuzofuneka ukuba enze isiqiniseko sokuthi uTholi akasiboni nangebhadi. Kwakungelula-ke ukufihlela uTholi izinto, wayengumuntu oqaphelisisayo.
Uthe uma ebona ukuthi isibhamu akasitholi wazibuyelela ekhaya. Wazitshela ukuthi sebeyoqedana ngazo izandla uma behlangana noBhatomu. Uthe uma efika ekhaya wazithela kunina. "Kusho ukuthi awuzimisele ukwehlukana nalo mfelokazi Bheki?"
"Ngani mama?"
"Uthi ngani kwani? Angithi izolo lokhu uthe ulale kwabanye othisha kanti usho nje uyozilalela nomfelokazi wakho?"
Athule uBheki. **Lizimuke ikhanda.**
"Kungcono –ke mntanami ngoba uLindiwe usetholakele.Usekhaya. Abafowabo bathe bazomqhuba azogana lapha ngenkani. Ngavuma mina."

3.1 Yini eyayenza ukuthi uBhekani afikelwe umqondo wokuthenga isibhamu? (1)

3.2 Ngubani owayedayisa izibhamu zokuzakhela kule ndawo yaseNyawushane? (1)

3.3 Ngokwalesi siqeshana yini eyayizokwenza ukuthi kube lukhuni kuBhekani ukufihlela uTholakele isibhamu? (2)

3.4 Wayeyokwenzani uTholakele kubo kaBhekani mhla kukhona uLindiwe? (2)

3.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: "**sebeyoqedana ngazo izandla uma behlangana...**" sisho ukuthi:

A Babezolwa bengaziphethe zikhali.
B Babezodubulana ngezibhamu.
C Babezolwa ngemishiza
D Babezolwa ngetshumetshu. (1)

3.6 Uqonde ukuthini umxoxi uma ethi, "uBheki lizimuke ikhanda." (2)

3.7 Tomula umusho ofakazela ukuthi uBhekani nomama wakhe kade bengazi ukuthi uLindiwe ukuphi. (2)

3.8 Kwakuyini inhloso yokufika kukaLindiwe kubo kaBhekani emva kwezinyanga ezinhlanu bagcina ukubonana? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.9 UBhekani ungumlingiswa omkhulu kule noveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

3.10 Hlaziya isizinda sale noveli ubheke lezi zihlokwana ezilandelayo:

3.10.1 Isikhathi. (2)

3.10.2 Indawo. (2)

## KANYE

### ISIQESHANA F

Afike ekhaya uBheki. Unina usevukile.
"Ufuna ukuya esontweni lasekuseni yini mama, wavuka kangaka?"
"Angilalanga uyihlo"
"Usefunani futhi manje?"
"Uthi yini le elotsholwayo?" Athule uBheki. Axakeke nje ukuthi usho ukuthini unina.
Abuke unina futhi uBheki; aze ahwaqe impela.
"Kodwa wena Bheki inkinga yakho ikuphi ngoba abantu bonke bathi lo mfelokazi uyisidakwa kabi nje?"
"Angikwazi lokho mina."
"Kufanele ungakwazi phela wena. Angithi ukuphethe ngezandla ezithofozelayo. Kwazi bani? Kokunye kade akushaya ngomandangaphakathi."
"UTholi akayisebenzisi imithi."
"Usuke umgadelwe ubani? Umuntu uzisebenzisela eyedwa amakhubalo ngikutshele. Akamemezeli."
Athule uBheki. Ubengasayilindele le ngwijikhwebu esiyenziwa unina. Athi ukwethuka uma ekhumbula iphungana lotshwala alizwe kuTholi izolo. Abone ukuthi kusho ukuthi uTholi uyaziqoqa uma sekuzofika yena.
"Abanye bathi udayisa ngisho nensangu njalo lomakoti wakho."
"Kodwa uyithathaphi yonke le nto mama?"
"Bayaxoxa abantu mntanani. Basuke bezwa kuthiwa phela umfelokazi lo umakoti wakwami. Bangichathazele-ke."
"Kodwa ukhona umuntu wesifazane ongadayisa insangu?"
"Kusetshenzwa imali mfana wami lapha eNyawushane. Lo wakho-ke yena kuthiwa unomlungu wakhe omqoqela amakhasimende amhlophe."
Akhexe umlomo uBheki. Kuthi akaphindele emuva ayobuza uTholi ngalezi zinto. Akhumbule ukuthi konje ufike ehluleke. Kuphendule-ke umbuzo wakhe ahlale ezibuza wona njalo wobungani bukaTholi noPamella.

3.11 Yini le eyenza ukuthi umama kaBhekani angalali ebusuku ngokwalesi siqeshana? (1)

3.12 Ucabanga ukuthi yini okwakumele yenziwe/yenzeke ngaphambi kokuthi uBhekani athumele abakhongi kubo kaTholakele? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

3.13 Ukungalaleli kukaBhekani ngesikhathi abantu abadala bembonisa kwaba namphumela muni empilweni yakhe? (2)

3.14 Ukuba wena wawunguLindiwe wawuyokwenzenjani uma uzithola ukulesi simo ayebhekene naso (2)

3.15 Ngabe umbhali wale noveli uphumelele yini ukusivezela kahle isifundo kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

3.16 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | | IKHOLOMU B | |
|---|---|---|---|
| 3.16.1 | Amaphoyisa | A | Wavakashela unina emapulazini. |
| 3.16.2 | UPamella | B | Wabuza ilobolo esontweni. |
| 3.16.3 | Ubaba kaTholi | C | Wathatha imali yamalobolo. |
| 3.16.4 | UZenze | D | Avakashela uTholi esibhedlela. |

(4)
[35]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

### UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA G-26

| | |
|---|---|
| *(Kusekilasini lokufundela esikoleni. Kunezihlalo eziningana zibekwe zahlelelwa umhlangano. Phambili kunetafula okuhleli emva kwalo uDuma noMbandlwa. Bayaxoxa)* | |
| MBANDLWA: | Namuhla olwamanqamu. Imilomo yoDlamini izovaleka ngoba abantu bazokhuluma njengoba bakhuluma mhlazane bevota. |
| DUMA: | Akukho okunye. Namuhla kunamuhla. Uyabona leli kilasi sengathi lizoba yinkinga ngenxa yobuningi babantu abazofika bezothamela lo mhlangano. Phela thina asizile ukuzoqoqa imali yabantu kodwa **sizobanika isihlonti** abantu. |
| MBANDLWA: | Akusona nesihlonti kodwa yilanga. Mina intuthuko ngiyifanisa nelanga lona eliphuma maqede kujabule yonke into esemhlabeni. Ngisho nalabo abangamazisi uJehova kodwa bayajabula. Kanjalo nalapha kule ndawo labo abebengayingeni eyakho bazothokoza maqede bayingene shiqe! Ngempela bazokuthanda. Uqale kahle impela. Uyabona eyamanzi ingungqa phambili. |
| DUMA: | Umuhle wena ngoba uphila ngethemba. Nomuntu osondelene nawe uyakhuthazeka. |
| | **(Kuzwakale abantu behhomuzela phandle)** |
| DUMA: | Mbandlwa, sebekhona abantu lapha ngaphandle. Awubatshele bangene. |
| MBANDLWA: | *(asukume aqonde emnyango)* Bakwethu! Bakwethu, ngenani bo! Ikhansela selimi ngomumo. |
| | **(Abuyele etafuleni. Nabantu bangene kodwa bayidlanzana nje)** |
| DUMA: | *(asukume)* Ngiyanibingelela bakwethu! *(bavume abantu)* Sekuyiso isikhathi lesi sokuqala umhlangano oyingqophamlando. Besicela uMbandlwa asivulele ngomthandazo. |
| MBANDLWA: | *(asukume nabantu basukume)* Masivaleni amehlo. Baba oseZulwini, siyabonga ngokusivikela silele ebusuku. Uphinde usinike amandla nomdlandla wokusukumela izinto ezizosithuthukisa. Manje-ke Baba wethu sisize ngomoya wakho oyingcwele ukuze sikwazi ukubonisana ngomoya omuhle. Baba hlehlisa amadimoni angasihlasela. Konke lokhu sikucela ngegama lenkosi uJesu Kristu. Amen. |

4.1 Owani lo mhlangano uDuma noMbandlwa abawubizile ngokwalesi siqeshana? (1)

4.2 Wawubanjelwe kuphi lo mhlangano? (1)

4.3 Kungani inkosi yendawo yayingekho kulo mhlangano oyingqophamlando? (2)

4.4 Xoxa ngodweshu olwalukhona kulo mhlangano. Bhala amaphuzu amabili (2)

4.5 Tomula ibinzana lamagama esiqeshini ofakazela ukuthi uDuma noMbandlwa babelindele abantu abaningi ukuthi bafike kulo mhlangano. (2)

4.6 Ngokwalesi siqeshana yisiphi isizathu esizokwenza ukuthi abantu abaningi bakule ndawo bagcine sebemthanda uDuma? (2)

4.7 Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kule misho elandelayo sisho: Phela thina asizile ukuzoqoqa imali yabantu kodwa **sizobanika isihlonti** abantu.

A Isikhali sokuvikela.
B Isinkwa semihla.
C Intuthuko endaweni..
D Inkululeko emphakathini. (1)

4.8 Hlobo luni lwesifenggo olutholakala kuleli binzana elilandelayo? "Akusona **nesihlonti kodwa yilanga.**" (2)

4.9 Chaza okufanayo phakathi kwalaba balingiswa abalandelayo:

4.9.1 UDuma noShandu (2)

4.10 Lukuphi uvuthondaba kulo mdlalo. Chaza kafushane (2)

4.11 Udlame kule ndawo lwabangelwa ukungabekezelelani kwezombusazwe, Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU (3)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

*(Seliya ngomtsha wendoda. UMaShezi uzihlalele endlini yokuphumula. Nomsakazo usholo maphansi. Uphenqaphenqa iphephabhuku. Khona manjalo kungene uDuma)*

MASHEZI: *(ephakamisa ikhanda)* Sekunguwe njalo baba!

DUMA: *(sakuncokola)* Ubuza ibhasi libhaliwe?

MASHEZI: *(naye athi ukumamatheka)* Hawu! Kanti wena sewaba yibhasi? *(bahleke bobabili)*

| | |
|---|---|
| DUMA: | *(ahlale kwesinye isihlalo)* Uboshiwe ngempela uDlamini. Kusasa uzoya kobingelela imantshi. |
| MASHEZI: : | Ashile! Kuhle-ke uma eboshiwe. *(athule kancane)*. Nginovadlwana kodwa mina baba. |
| DUMA: | Kodwa! Kodwa! Uvadlwana! Yini manje? |
| MASHEZI: | *(aphakamise izwi, nomoya wakhe wenyuke)* Hhayi bo! Ubathatha kancane wena abantu bakule ndawo. Uyakhumbula ngesikhathi sodlame? Iningi labantu balapha bayayithanda inkosi futhi bayayihlonipha. *(ehlise umoya)* Baba, ngicela ukubone lokhu engikushoyo. Mina bengingacabangi ukuthi lesi simo sizoze sifike kuleli banga esesikulo. Uyabona, nenja uma ikhonkotha uke ungayinaki. Wethuke uphele uma isizifikela ngamazinyo kuwe. Baba, izwe lizobheduka. Mina ngibona kungcono wena uzehlise enkosini noma uyeke kwabona ubukhansela lobu |
| DUMA: | *(ethukuthela)* Hheyi! Hheyi! Kanti usudleni wena? Lezi zinto ozishoyo zombili angizamukeli! Lungamane luchitheke uphoko! Lutho mfazi! Ngeke! |
| MASHEZI: | *(enyuka ngolaka naye)* Ubani umfazi weBafana? Ubiza mina ngomfazi? Wena kawufuni ukuboniswa! Ngiyakutshela, uyongikhumbula seluchithekile lolo phoko lwakho. |

4.12 Fingqa ngamaphuzu AMABILI ingxoxo phakathi kukaMaShezi noDuma kulesi siqeshana (2)

4.13 Ucabanga ukuthi kwaba namthelela muni ukuphindela kukaMaShezi kubo kuDuma? (2)

4.14 Phawula ngengwijikhwebu etholakala kulo mdlalo. Bhala ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

4.15 Ngokucabanga kwakho indlela yokuziphatha kukaDuma noMbandlwa yamukelekile yini? Sekela imendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.16 Ngabe umsebenzi wokulamula owenziwa nguMaShezi noMaNgema uyinto esuke ilindelekile yini kumakhosikazi asemakhaya/emaphandleni? (2)

4.17 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 4.17.1 UMazongolo | A Ummeli |
| 4.17.2 USidamb | B UMzizi |
| 4.17.3 Fohloza | C Umfundisi |
| 4.17.4 UDlamini | D Unogada |

(4)
[35]

**NOMA**

**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* –VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA I**

*(KwaMbhele ngakusasa ekuseni. Kuma imoto yamaphoyisa ebihamba igijima kakhulu. Emva kwemizuzwana umseshi uNhleko angqongqoze kakhulu.)*

SONTO: *(Ethukile)* Ngena.

*(Kungene uNhleko. Abuke yonke indawo endlini)*

NHLEKO: Sawubona nkosikazi Mbhele

SONTO: *(Ekhomba usofa)* Yebo, ungahlala phansi.

NHLEKO: *(Ehlala)* Ngiyabonga.

SONTO: Ngingakusiza ngani-ke mfowethu?

NHLEKO: Mina ngingumseshi uNhleko, ngilapha esiteshini samaphoyisa, ngiyethemba uyangazi?

SONTO: Ngikwazi kahle kakhulu.

NHLEKO: Kunemibuzo nje embalwa engifisa ukukubuza yona.

SONTO: Yebo, ngilalele.

NHLEKO: Ingabe uyamazi uMfundisi uZondo?

SONTO: Yebo ngiyamazi, empeleni unguMfundisi webandla engikhonza kuloKulo.

| | |
|---|---|
| NHLEKO: | UMfundisi uZondo utholakele izolo ebusuku edutshuliwe. |
| SONTO: | *(Emangala)* Hawu! Edutshuliwe? Utholwe ngubani? |
| NHLEKO: | Ngeke ngikwazi ukudalula leyo mininingwane okwamanje ngoba kusaphenywa icala. |
| SONTO: | Kanti akakwazanga yini ukusho ukuthi udutshulwe ngubani? |
| NHLEKO: | Konke lokho kuyingxenye yobufakazi engingeke ngikwazi ukukutshela bona. Engingakusho nje ngukuthi sikhuluma nje usesibhedlela. Impela ulimele kakhulu. |
| SONTO: | *(Ngokwethuka)* Kanti ubengakafi? |
| NHLEKO: | *(Emangele)* Wathi kanti ubengakafi? Uwubuziswa yini lowo mbuzo? |
| SONTO: | *(Ekhuluma into engezwakali)* Cha ...e .. ukuthi bengikuzwe uthi udutshuliwe. Imvamisa umuntu odutshuliwe uyafa. |
| NHLEKO: | Cha! Yena utholakale engakafi. Kodwa akubonakali ukuthi uzophila. |
| SONTO: | *(Sakukhululeka)* Hhayi, kungcono-ke uma kunjalo. |
| NHLEKO: | Kungcono ukuthini? Ukuthi akakafi noma ukuthi awekho amathemba? |
| SONTO: | Hawu, wadlala ngami nje mfowethu? |
| NHLEKO: | Cha, bengibuza nje, ngifuna ukuba nesiqiniseko. |
| SONTO: | Kodwa nje ubani ongadubula uMfundisi, ethi umdubulelani? |

5.1 Kwasetshenziswa luphi uhlobo lwesikhali ngesikhathi kuhlaselwa umfundisi? (1)

5.2 Kwakungubani unkosikazi kaMbhele wokuqala? (1)

5.3 Kungani uNhleko evakashele kwaMbhele ngalolu suku? (2)

5.4 Yini eyayijabulisa uSonto uma ezwa ukuthi mancane amathuba okuthi umfundisi asinde?. (2)

5.5 Tomula ibinzana lamagama esiqeshini elifakazela ukuthi uSonto uyamazi uNhleko. (2)

5.6 Yisiphi isizathu esasenza ukuthi uNhleko angamtsheli uSonto yonke imininingwane ephathelene necala lokulimala kukaMfundisi? (2)

5.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Umthofi uyisigebengu....

A Esibulala izingane.
B Esingenawo unembeza
C Esidayisa izidakamizwa
D Esintshontsha izinkomo (1)

5.8 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini.

**Emva kwemizuzwana** umseshi uNhleko angqongqoze kakhulu (2)

5.9 Chaza okufanayo phakathi kwalaba balingiswa abalandelayo:

5.9.1 UmaNsibande noMfundisi. (2)

5.10 Bhala uxoxe ngodweshu lwangaphandle olwenzeka ngobusuku okwadutshulwa ngabo umfundisi. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

5.11 Imbangela yezinkinga kulo mdlalo umona. Sekela lo mbono ngephuzu ELILODWA. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

| | |
|---|---|
| | *(KwaSonto. USonto ubuye kwaMaNsibande qede wahlala phezu kocingo wabiza uMthofi ukuthi azolanda imali yakhe.)* |
| SONTO: | *(Emkhomba ngomunwe)* Lalela la! Wena sigebengu ndini ngizokunika imali yakho bese uyaphuma uphele empilweni yami. Siyezwana? |
| MTHOFI: | Iphelele nje imali yami? |
| SONTO: | Ngizokunikeza enginayo, engingenayo anginayo. |
| MTHOFI: | Ilethe-ke, ngiyibone. |
| SONTO: | Uma uphuma lapha uhlukane nokuphatha isibhamu ngesandla ngoba uzozixabanisa nami. |
| MTHOFI: | *(Ecikeka)* Awuyeke ukukhuluma izinto ezingathi shu, unginike imali ngibone engize ngayo. |
| SONTO: | (Eshona emnyango.) Linda lapha ngiyabuya. |
| MTHOFI: | Yenza *fast. (Aphume uSonto. Abuye emva kwesikhashana.* mbuzo?*amehlo)* |

| | |
|---|---|
| SONTO: | *(Ethwele izandla ekhanda)* Ngivelelwa yini kodwa bakithi! |
| MTHOFI: | *(Ehlahla amehlo)* Kwenzenjani manje? iphi imali yami? |
| SONTO: | Angisayitholi lapho ebengiyibeke khona. |
| MTHOFI: | Uyadlala, kangithi? |
| SONTO | Angidlali Mthofi, ngempela ayikho. |
| MTHOFI: | (Wasukuma wadonsa isibhamu.) Uyayazi le nto? Uma imali ngingayitholi, izokubhodloza isifuba. |
| SONTO: | Ngicela unginika elinye ithuba ngizoyizama imali yakho. |
| MTHOFI: | *(Ememeza)* Yeyi wena doti, kunini ngilalele lawo manga akho? |
| SONTO: | Okokugcina Mthofi, *please*. |
| MTHOFI: | *(Wamklinya)* Khamisa. |
| SONTO: | Ngicela ungangibulali Mthofi. |
| MTHOFI: | Ngithe khamisa we doti! |
| SONTO: | Kulungile-ke. |
| MTHOFI: | (Wafaka isibhamu emlonyeni kaSonto.) Uyafa namuhla. |
| SONTO: | Ungangibulali bakithi. |
| MTHOFI: | Thandaza okokugcina ngoba ngeke uphinde uthandaze emva kokuba sengikusakaze ubuchopho.<br>*(Kwaphazamisa umnyango owavuleka ngokushesha.)* |

5.12 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU inkulumo phakathi kukaSonto noMthofi ngalolu suku. (3)

5.13 Ngokucabanga kwakho ukuziphatha kukaMbhele kuyinto eyamukelekile yini emphakathini? Fakazela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

5.14 Ngabe uphumelele yini umbhali ukuphetha kahle umdlalo othi: Icala Kaliboli? Fakazela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

5.15 Ukuba wena wawungugogo kaZinhle yimaphi amazwi owawungawasho kumzukulu ukuze aduduzeke kulesi simo ayebhekene naso? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

5.16 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 5.16.1 UToronto. | A Indodakazi kaMbhele. |
| 5.16.2 UMaNsibande. | B Ummeli. |
| 5.16.3 UZinhle. | C Isigebengu. |
| 5.16.4 UNtshangase. | D Usebandleni likaMfundisi uZondo. |

(4 x 1) (4)
[35]

**NOMA**

**UMBUZO 6: ISIKO NELUNGELO–N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

*(UThenjiwe uzobona uSipho ejele bayaxoxa)*

| | |
|---|---|
| SIPHO: | Kodwa uthe uyaphi ekhaya? |
| THENJIWE: | Ngithe ngiya kwasisi. Kuzofuneka uma ngisuka lapha ngidlule kuye ngimgqibe. Kodwa uhleli kanjani lapha? |
| SIPHO: | Kabuhlungu kabi Thenjiwe. Angazi ngingakuchazela ngithini. *(Zicwebe izinyembezi)* Ibuhlungu impilo yalapha angithandi ukukukhohlisa. Ngakhumbula ekhaya ngifika nje. |
| THENJIWE: | Ngiyakuzwela Sipho; Icala lakho kuthiwa yini ngempela? |
| SIPHO: | Kwavele kwathiwa **ngonisa wena emzini.** Ngikwenza ube nenkani. |
| THENJIWE: | Awusasho yini ukuthi wawulamula, ungaqonde kugwaza muntu. |
| SIPHO: | Abanginikanga ithuba elide lokuchaza. Okubi-ke futhi ngangingenaye ufakazi. |
| THENJIWE: | Awusasho ngani ukuthi abangibize? |
| SIPHO: | Ngabona ukuthi kuzokwandisela izinkinga. Ukuba kuya ngami ngabe ngithi mgane uDumisani lowo. |
| THENJIWE: | Kahle Sipho bo. Sekwenzenjani manje futhi? |
| SIPHO: | Kwathiwa ngiyophuma uma seniganene. |
| THENJIWE: | Kanti awuboshelwe lona icala owalenza? Kwenzelwa ukuba ngigane uDumisani? |

| | |
|---|---|
| SIPHO: | Ngendlela engihlezi kabuhlungu ngayo lapha mngani wami, impela shintsha umqondo. Mhlawumbe uthando lukaDumisani luzobuye luvele. |
| THENJIWE: | Ngeke Sipho. Ngeke. Uyazi esikhundleni sokuba kuqale uthando lukaDumisani uya ngokuya eba yisitha. Ngizogcina **ngimenzakalisile.** |
| SIPHO: | Uthanda **ngidilikelwe yijele?** |
| THENJIWE: | Cha. Uyazi inhliziyo yami ibuhlungu kabi njengoba ulapha nje. Ukuba kukhona engingakwenza ukuze uphume ngabe ngiyakwenza. |

6.1 Bakuphi laba abakhulumayo kulesi siqeshana? (1)

6.2 Banabudlelwane buni oSipho noThenjiwe? (1)

6.3 Wayenzeni uSipho aze aboshwe nje? (2)

6.4 Bhala isizathu esenza uSipho ashintshe umqondo athi uThenjiwe akavume ukugana uDumisani. (2)

6.5 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi uThenjiwe wayesemzonda uDumisani. (2)

6.6 Yini eyenza uSipho angamceli uThenjiwe ukuthi azomfakazela enkantolo (2)

6.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Owabona uThenjiwe efaka ushevu etiyeni likaDumisani kwakungu….

A UMaMbatha
B UMaNzuza
C UThabi
D UGugu (1)

6.8 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini:

Ngizogcina **ngimenzakalisile.** (2)

6.9 Chaza okufanayo phakathi kwalaba balingiswa abalandelayo:

6.9.1 UGugu noSipho. (2)

6.10 Imbangela yezinkinga kulo mdlalo ukuthi abantu bakwaZungu abalihloniphanga ilungelo likaThenjiwe lokuzikhethela ngempilo yakhe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.11 Bhala ngodweshu lwangaphandle olutholakala phakathi kukaNondumiso noMaMbatha ngesikhathi uNondumiso ezokhulumela uThenjiwe kwaZungu. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

KANYE

**ISIQESHANA L**

| | |
|---|---|
| | (UThenjiwe uhlangana noMaNzuza ongumakhelwane kaManzini) |
| MANZUZA: | Awu makoti wahamba ushesha kangaka, ujahephi? |
| THENJIWE: | Cha ngiya ngasekhaya mama. |
| MANZUZA: | Pho wahamba ukhuluma wedwa? Akusekho nangane ekuphelezelayo? Yini le eyenziwa oManzini. |
| THENJIWE: | Eqinisweni mama ngihanjiswa ukuthi asizwani nabalapha ekhaya. |
| MaNzuza: | Nibangani? |
| THENJIWE: | (Athule kancane, amehlo acwebe izinyembezi) Sibanga ukugana. Bathi angigane umfowabo kaSikhumbuzo. Angiyifuni leyo nto mina. |
| MANZUZA: | (Asondele kuye ambambe ehlombe) kwakubi-ke lokho mntanami. Bathi kujahwephi? |
| THENJIWE: | Ngisuke ngathi ngicela ukubuyela ekhaya kancane, ukuze ngikhohlwe yilesi sehlakalo esangivelela. Bona babona sengathi ngizohamba unomphela. |
| MANZUZA: | Lalela-ke ngane. Mina ngibona lezi zindaba zifanele ukukhulunywa usukhumule nenzilo. Ngiyalazi isiko lokungenwa. Liya ngabantu. Abanye liyabavuma abanye njalo libaphike. Kodwa bakuchazele kahle hle ngalo? |
| THENJIWE: | Cha, abangichazelanga kabanzi mama. Kanti- ke nencazelo ngeke ingisize. Angiboni ukuthi ngingabe ngisakwazi ukuthanda omunye umuntu manje. |
| MANZUZA: | Ungamthanda omunye umuntu ndodakazi. Okuhluphayo ukuthi basuke baphuthuma kwaManzini. Uma lesi siwombe sidlula umqondo wakho ubungaguquka. (Abheke ngenhla). Nangu umamezala wakho kokunye ucinga wena. |
| THENJIWE: | Ngeke aze angicinge lowo sengathi akangicabangeli nhlobo. |
| MANZUZA: | (Ememeza) Singapha we MaMbatha! |
| MAMBATHA: | (Ememeza) Ukhulumani nomakoti wakwami. Uwena lo omfaka umoya omubi? Uwena lo othe akavele ahambe angasilaleli? |

6.12 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU inkulumo phakathi kukaThenjiwe noMaNzuza ngalolu suku. (3)

6.13 Ngokucabanga kwakho ukuziphatha kukaMaMbatha kuyinto eyamukelekile yini emphakathini? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

6.14 Phawula ngengwijikhwebu etholakala kulo mdlalo. Bhala ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

6.15 Ukube wena wawunguMondise wawungavuma ukuthi indodakazi yakho ingenwe umuntu engamthandi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.16 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 6.16.1 Uskhumbuzo. | A Indodakazi kaZungu. |
| 6.16.2 Uthabi. | B Washona ngodlame. |
| 6.16.3 UThenjiwe. | C Washonela ejele. |
| 6.16.4 Usipho. | D Ummeleli. |

(4 x 1) (4)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

### *IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

### UMBUZO 7

7.1 **'MHLA LIDUMA LADUMA' – M.J Mngadi**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA M**

| |
|---|
| Wasola uPhakathi waze walibona iphutha, waxolisa. Kwake kwathuleka kusalalelwe nensimbi kaLoliwe igida ingidi, ishiya iDanawozi isishunqa izimayini zamalahle, qede ilinguza ezinhle, eziluhlaza izintaba zoNdi noKhahlamba. Wazibamba futhi umfo kaMafu, washo ngezwi ehuba zona ezokholo, waze wacweba izinyembezi. Bampheleka, noMaDuma esho ngelezingelosi.<br>"Laduma Maduma!" kusho uPhakathi evuka encela ebhodleleni. "Qhubekani nicule bakithi, ningamnaki umuntu kaSathane," esho ezibamba eziqinisa uLaduma.<br>Isitimela sathi ukuba sisondele eMnambithi, kwayiso futhi leso sobutatata nebhakede lemikhwintsho. Kwaba ukuma kwaso nje abaseshi namaphoyisa bagcwala ikhompathimenti. Ayikho impahla kanoma ubani owayekhona **engapeketulwanga**. Ngisho ujeqe uMaDuma owayewubeke phambi kwakhe wahleshulwa, nasenkukhwini kwabukisiswa ngisho iqanda elalingaphakathi. Adela amaphoyisa, anikina amakhanda, aphuma esenokuyingabaza impimpi yawo. Saphuma isitimela lapha eMnambithi kudunyelwe endlini yoLaduma. Wayesekhala noMaDuma, ebalisa ngezinsizi ezazimphethe emhlabeni, nokuqondana nalolu lokusolwa abomthetho. NoPhakathi wake wazumeka, wahonqa kwaze kwakhonanda uLaduma ngokuthi, "Bakithi, safa! Ubaba wahonqa waze wangikhumbuza iloli laselokishini esakhula lidayisa amalahle.<br>"O, Nkosi yami!" esho umkaMkhizwana ubuso bumumethe izinyembezi, elokhu elibuka njalo idombolo lakhe elalihleshuliwe. |

7.1.1 Ngowakwabani umlisa owayedlala isigingci kule khompathimenti okwakuhleli kuyo oMaDuma? (1)

7.1.2 Yini le eyayifakwe nguLaduma ebhakedeni? (1)

7.1.3 Chaza kafishane ngamaphuzu AMABILI ukuthi yini eyayikhombisa ukuthi le ntokazi eyayigibele noLaduma yayisanda kuthola umntwana? (2)

7.1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

"Ayikho impahla kanoma ubani owayekhona **engapeketulwanga**", lisho ...

A Engabhekisiswanga.
B Engathathwanga.
C Engalahlekanga.
D Engatholakalanga. (1)

7.1.5 UNyandeni nomkakhe base bekhulile ngokweminyaka. Fakazela lokhu ngamaphuzu AMABILI? (2)

7.1.6 Le ndatshana yenzeka esikhathini samanje. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.1.7 Tomula umusho esiqeshini ositshela ukuthi abaseshi babenomuntu owayebanikeze ulwazi ngobugebengu obabuzokwenzeka kulesi sitimela ngalolu suku. (2)

7.1.8 Kwaba namthelela muni ukuba khona kukaNyandeni noMaNyambose kulesi sitimela ngalolu suku? (2)

7.1.9 Ukuba yisigebengu kuhambisana nezinkinga eziningi. Fakazela lesi sitatimende ngokwenzeka kule ndatshana. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

7.1.10 Ithini indikimba yale ndaba? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA (2)

**KANYE**

7.2 **'Unozimoto'-N.A.P. Khumalo**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA N**

Useqedile ukudla ukudla kwasekuseni uKaMaseko. Umcabango osumfikela manje ngowokuthi selubuye lwafika futhi olunye usuku, uzobhuquza lapha ekhaya imini yonke. Phela umyeni wakhe, uNtokozo umfo kaJiyane, usemsebenzini, uyoze abuye lishona. Nezingane zisesikoleni, nazo zibuya lithambeme. Kusala kuthe nje nkwe, egunquza yedwa ekhaya phakathi neviki.

"Ngisazoke ngihambe nanamuhla. Ngafa yisizungu sakulo muzi. Ngizohamba nje ngisheshe ngibuye ilanga lisaphakeme. Akufuneki kuze kubuye izingane ngingakabuyi, ingasaphathwa phela ekaJiyane. Ngabe ngivelelwe engifica ngingekho, kanti futhi sewangidonsa kangaka ngendlebe ukuba ngipheze ukuhamba." Ucabanga lokhu nje uqinisile, ngoba uJiyane wayesemdonse kaningi ngendlebe ukuba angalokothi aphinde ashiye umuzi agibele izimoto

aye edolobheni uma kungekho muntu ekhaya.
"Amadoda ayahlupha. Umuntu usuke afune ugunquze wedwa nje ekhaya imini yonke sengathi uyisiboshwa." Usho useqqokela ukuhamba. Azishaye zivume emzimbeni, aphume eseqhekenyeka, ephethe isikhwanyana esincane esihle. Akhumbule eseyintokazi, esashaya kuncanywe oJiyane laba. Useqonda esitobhini. Aqhwaklaze aze afike esitobhini. Kusho ukuthi ibhasi ibisanda kwedlula, angafici muntu esitobhini.
Dukuduku emile, baqhamuke abanye abeze esitobhini. Kuthi makhathaleni kuqhamuke umngane wakhe uDombi. UDombi lo wayeganile, kwabuye kwabonakala esesekhaya kubo, kwaya kwaya kwaze kwezwakala ukuthi zifike zayiwanqa phambili, wahlehlela nyovane, nakhu phela awuthunyelwa gundane.

| | | |
|---|---|---|
| 7.2.1 | Ngubani igama lomyeni kaKaMaseko? | (1) |
| 7.2.2 | Chaza kafishane ukuthi yini eyayenza uJiyane ingamphathi kahle indaba yokuzula komkakhe. | (2) |
| 7.2.3 | Tomula umusho esiqeshini ositshela ukuthi uDombi noKaMaseko bayezwana kakhulu. | (2) |
| 7.2.4 | Bhala izinto EZIMBILI eyethi uKaMaseko yizona ezimenza angakuthandi ukugibela ibhasi | (2) |
| 7.2.5 | Fingqa ngemisho EMITHATHU isigameko sodweshu phakathi kuKaMaseko no Joe ngesikhathi imoto isanda kusuka kubo kaMafutha. | (3) |
| 7.2.6 | Ngubani umlingiswa oqavile/omkhulu kule ndatshana? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. | (3) |
| 7.2.7 | Umlandi/Umxoxi wale ndaba ubonakala engeyena omunye wabalingiswa. Fakazela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA | (2) |
| 7.2.8 | Ngokubona kwakho yiziphi izinkinga ezingavelela umuntu wesifazane ohambe egibela izimoto angazazi? Bhala amaphuzu AMABILI. | (2) |

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA*** **– EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

### UMBUZO 8

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Kwamfaz'ongemama–F.F. Mbatha**

Awuthunyelwa gundane
Ngidele konke ngayokwenda,
Ngidele'ikhaya likababa,
Ngadel'izihlobo nabangani,
Ngadel'nezinkalo zakithi,
Uze ungilonde Mveli
Kwamfaz'ongemama.

Namuhla ngiqombol' izintaba,
Ngilibangise kwamfaz'ongemama,
Noma ngibangwa nezibi,
Liyophuma lithi
Ngiyatefa ngiyazenzisa,
Uze ungigcine Menzi
Lapho kwanhliziyo ngise..

Noma ngingayisisulu sikamamezala,
Noma angangicakafula angichaphe
Ngelumelayo yodwa,
Ngiyobekezela ngizithobe,
Mntanomuntu ngibekezele,
Ngigcine yonk'eyasemendweni,
Uz'ube yisihlangu sami baba,
Lapho kwamfaz'ongemama.

Konke kwenzeke samlingo,
Nokho lolu thando luyithumbil'eyami,
Lolu thando lungishay'indali emajukujukwini,
Ngiyazesaba ezakhona izehlo,
Nokho akusenani
Sengobekezela ngizithobe,
Kwamfaz'ongemama.

8.1.1 Bhala izinto EZIMBILI imbongi ezishiyayo njengoba iya kogana? (2)

8.1.2 Bhala amagama AMABILI imbongi ebiza ngawo uNkulunkulu kule nkondlo (2)

8.1.3 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo mugqa ongezansi njengoba usentshenzisiwe enkondlweni.

8.1.3.1 Noma **ngibangwa nezibi** (2)

8.1.4 Tomula umugqa oyimpindwa otholakala kule nkondlo. (2)

8.1.5 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)

8.1.6 Khetha impendulo kulezi ozinikiwe.

Imbongi iqonde ukuthini ngaleli binzana lamagama alandelayo, **"Ngiyatefa ngiyazenzisa"**

A Ngiyagula kakhulu.
B Ngidinga amaphilisi.
C Ngiyatetema anginalutho.
D Ngikhuthele kakhulu. (1)

8.1.7 Tomula ukuxhumana okutholakala esitanzeni sesi-3 usho ukuthi kuluhlobo luni. (3)

8.1.8 Shono ukuthi wena ungenzenjani uma uhlukunyezwa emzini. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

8.1.9 Imbongi ivezwe njengomuntu oyikholwa. Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Phansi – L.M.M.S. Madondo**

Umhlaba ungumhlaba ngokuhlaba
Uwuhloniphe uwukhonze uyakuhlonipha
Ubazonda kabi abazazi ukuhlakanipha.
**Lunye kuwo uhambo**
Impinda ayikho.
Sinye kuwo isikhathi
Sifushane asenele

Ubupigogo nobusakabuli buyaqedwa
Bushazwe yizangqotho nemishazo yomhlaba
Omahlalothini abantengenyekayo ntengentenge
Bawe bhu bahuhuluze okwamahobosha
Abaqhwaklazela phezul' onontandakubukwa
Baphenduk' izinqibi kugayingane imilomo
Osemuva limshwibe shwi limbeke phambili
Ngentobeko yobuphansi okwentuthwane
Ube phansi nangenzolo ezothile yobuntu.

| | | |
|---|---|---|
| 8.2.1 | Ngokwale nkondlo ngabanjani abantu abazondwa ngumhlaba? Bhala amaphuzu AMABILI. | (2) |
| 8.2.2 | Caphuna izenzukuthi ezimbili ezitholakala kule nkondlo. | (2) |
| 8.2.3 | Tomula imvumelwano etholakala emgqeni we-6 kuya kowe-7 bese usho ukuthi iluhlobo luni. | (2) |
| 8.2.4 | Hlobo luni lwesifenggo olutholakala kumungqa we-15. | (2) |
| 8.2.5 | Bhala indikimba equkethwe yile nkondlo. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. | (3) |
| 8.2.6 | La magama alandelayo achazani ngendlela asetshenziswe ngayo kule nkondlo. | |
| | 8.2.6.1. Ubumpigogo. | (2) |
| | 8.2.6.2. Ngentobeko | (2) |
| 8.2.8 | Ngokucabanga kwakho kubaluleke ngani ukuzithoba emhlabeni/kubantu ophila nabo. | (2) |

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**